SQ 496.3442 -BESha. J.P.L.

" THE TEMPEST--ISIVUNGUVUNGU"

(Shakespeare)

Umdlalo Wokusakazwa Ngomoya

Episode- One(I)........Isiqephu Sokuqala

Written & ............Ubal'we

Produced.............Wakhishwa

by.............ngu

K. E. Masinga.

EPISODE-ONE CAST:::::: A6ADLALI 6ESIQEPHU SOKUQALA

A6AXOXI NDA6A (girls) 1,2,3.

GONZALO :.....Isethenjwa Somnumzane wase Naples.

SEBASTIAN:....Umfowa6o we Nkosi yase Naples

ANTONY:.......Umfowa6o ka Prospero owe6a u6ukhosana 6ase Milan ku Prospero.

MIRANDA:......Indodakazi ka Prospero.

PROSPERO:.....Inkosana yase Milan.

THE TEMPEST- ISIVUNGUVUNGU.

STORM & CRIES (in B/G)

ITILOSI : Hawu,6akwethu akusekho ukwenza ngokunye!
Sesiphelile thina,
Umkhumbi wethu uphahlazeke waphela,
Asithandazeni sizinikele ku Somandla sife.

2.ITILOSI: Hawu,cha,asife sizamile,ukufa kufunwa ngu6ani njenempela!

GONZALO Okungenani 6andla asisizeni inkosi ne nkosana yayo 6o;
Impilo yala6o ngeyethu.

SEBASTIAN: Hawu,cha,mina anginasikhathi soku6ekezela manje kuyafiwa,
Anginasikhathi sokuhlenga noma u6ani!

ANTONIO: Waphu sukani,thina asinakukhohliswa izidakwa ngempilo yethu:
Lesikebe kade sasiyiwela imisinga,
Pho sizocwila namhla ngo6a kwenzenjani?

GON Wena ufanele ukujikiswa ufe,
Kodwa wo,angikuniki lutho ngikunika nalo ulwandle luzokuminzisa.

IZWI LOKHALAYO:...... We 6a6o ngaze ngafa ngashiya umkami nezingane zami,
Wahlakazeka umkhumbi,wahlakazeka umkhumbi,wahlakazeka umkhumbi.....maye,maye,maye 6a6o....he,he,he,,,,,

ANTO Uma sekuyisikhathi sokufa asifeni nenkosi sonke,
Nxa siphepha asiphepheni nayo nenkosana yayo!

GON Kodwa ngu6ani ongakhetha ukufela engabungabwini yamanzi olwandle kunase mhla6athini owomileyo onenhla6a notshani!
Okungenani ngithi intando yoNGAPHEZULU mayenziwe ;
Mina ngikhetha ukufela ezweni lapho kome khona.

UP STORM

THE TEMPEST- ISIVUNGUVUNGU.

Episode I -.4.- Isiqephu Sokuqala

PROSPERO & MIRANDA

MIRA Nxa kungamandla o6uciko 6o6unyanga 6akho 6a6a othandekayo
lo6u o6uvuse lesivunguvungu somoya olwandle,ngiyakuncenga
6a6a yekisa lezibengu zomoya;
Nesibakabaka sengathi sesifuna ukuwisa imvula eyesa6ekayo;
Kanti namaza olwandle sengathiasedlangele ukugcuma ayofinyelela
esibakabakeni,
Hawu,he ngiya6ada6ukela la6o a6ahlushwa yilesivunguvungu;
Hawu lesikebe esiyiqhawe esiphahlazeke ematsheni ngibekile,
Ukulila kwa6o kuye kwayishaya ohakathi kweyami inhliziyo!
Hawu,he yeka leya miphefumulo engenacala efileyo.
Uma 6enginawo amandla anezitixo 6engizoluthilisa ulwandle nya.
Yeka lepa miphefumulo efa yesa6a.

PROS Thula uthi du mntanami Miranda;
Akukho simangaliso lapha;
5ohlisa inhliziyo yakho ngokuyitshela ukuthi-
Ayikho ingozi ezokwenzeka.

MIRA HAWU-yeka lolusuku olu6i lweziga!

PROS Ayikho ingozi ezo6akhona mntanami,
Konke loku ngikwenzela ukusiza nokuphephisa wena mntanami,
Wena sithandwa sami,wena ndodakazi yami,
Wena ongaqondi into oyiyo,kanti futhi awazi nokuthi mina ngiyini,
Wena ungazi ukuthi ngingu yihlo uProspero ongumnini walomhhume
esihlala kuwo ukuphela,awazi 6ukhulu o6ukhona o6udlula lo yihlo.

MIRA Ukwazi izinto eziningi mina akusiyo into ehlupha ingqondo yami.

PROS Impela kuyangikhanyela Miranda mntanami ukuthi ngidinga ngiku
tshele yonke inda6a ukuze uqonde kahle.
Yelula isandla sakho ususe nansi ingu6o yami yomlingo....ye6o..
kanjaloke....yi6eke laphoke phansi-
.....khona laphoke....-

## THE TEMPEST- ISIVUNGUVUNGU

PROS Yi6eke laphoke ingu6o yami yo6uciko-yomlingo,
Sula izinyembezi,duduzeka mntanami;
Loku kuphahlazeka komkhumbi oku6i oku6onayo,
Okuvusa zonke izinseka zemizwelo kuwe,yakho,
Ngikuqaphele kahle lapha emlingweni wami;
Akukho nowodwa umphefumulo ozolahlekelwa ngisho wunwele mbala;
Ngisho noma isiphi isidalwa osizwe sikhala emkhunjini oowilile;
Hla phansi;
Manjé ngifuna uku6a uqonde,wazi kahle konke.

MIRA Kade wawusho uthi uzongitshela uzongitshela engiyiko,u6uye uyeke;ungiyeke ngilangazelela ukwazi;u6ese sewuthi-KAHLE,ngo6u ye ngikutshele-isikhathi asikafiki.

PROS Yisoke lesi isikhathi engangihlala ngisisho sesifikile,
Kusukelanje vula izindle6e zakho ulalele;
Lalela uzwe kahle;Ungase usikhumbule isikhathi singakafiki lapha kulomhhume?
Angikholwa ngo6a wawuseneminyaka eengaphansi kwemithathu u6u dāla.

MIRA Ngiyakhumbula ngempela.

PROS Ukhumbula ngani?Ngaluphawu luni?Lwendlu noma lomuntu,noma lwe sithombe esithize? noma uphawu lomuntu?
Yini umqondo wakho o6ambelele kukona olukukhumbuzayo?

MIRA Sekukudala impela sekungifikela ku6e sengathi ngangiphupha;
Akusilo nje iqiniso ukuthi nganginabazanyana a6ane noma a6a yisihlanu?

PROS Ye6o yiqiniso lelo Miranda,kodwa uyikhumbula kanjani leyonto?
Futhi wawuna6o a6azanyana 6e6aningi kunaloko:Yini enye oyi6o nayo kulowo ndulo wesikhathi sakho?Nxa ukhumbula okwenzeka ungakafiki lapha,ufanele ukwazi ukuthi wafika kanjani lapha

2

J.P.L.

" THE TEMPEST- ISIVUNGUVUNGU"

(Shakespeare)

Umdlalo Wokusakazwa Ngomoya

Episode Two(2)......Isiqephu Sesi6ili

Written &...........Ubalwe

Produced.............Wakhishwa

by............ngu

K.E. MASINGA

EPISODE- TWO CAST:::::: A6ADLALI 6ESIQEPHU SESI6ILI.

MIRANDA

PROSPERO

ARIEL (spirit).......Umkhovu ka Prospero.

3

J.P.L.

# THE TEMPEST- ISIVUNGUVUNGU.

(Shakespeare)

UMDLALO OBALWE UKUGA USAKAZWE NGOMOYA

EPISODE NO.3..........ISIQEPHU SESITKATHU

WRITTEN &.............UBALWE

PRODUCED..............WAKHISHWA

BY............NGU

K. E. MASINGA.

CAST/ AGADLALI

PROSPERO::::::::The rightful Duke of Milan.

MIRANDA:::::::::Daughter to Prospero

Caliban...........a savage and deformed slave.

FERDINAND::::::::Son to the King of Naples

4

J.P.L.

THE T E M P E S T --I S I V U N G U V U N G U.

(Shakespeare)

UMDLALO OBALELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA

EPISODE NO. 4.........ISIQEPHU SESINE

WRITTEN.&.............UBALWE

PRODUCED..............WAKHISHWA

BY............NGU

K. E. M A S I N G A.

CAST// A6ADLALI

PROSPERO..............Rightful Duke of Milan

MIRANDA...............Daughter to Prospero

ARIEL ................An Airy Spirit

FERDINAND.............Son to the King of Naples.

Umxoxi.

